**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI UMNUZ MXOLISI KAUNDA EMCIMBINI WOKWETHULWA KOHLELO LOMGWAQO U-P135 ESHOWE MHLAKA 29 JULY 2016.**

- Mphathi wohlelo;
- IMeya yoMkhandlu waseMlalazi uKhansela uZulu;
- IMeya yesiFunda uThungulu uKhansela uMchunu;
- Bese ngikhuleka eNkosini yesizwe saKwaKhoza;
- Amakhosi aseNdlunkulu akhona nezinduna zamaKhosi;
- Amakhansela;
- Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha;
- Abemboni yezokuthutha umphakathi;
- Ubuholi bezinhlaka ezahlukene emphakathini, kuhlanganisa namaqembu epolitiki;
- Umphakathi wonke;

Ngiyanibingelela.

Kuyintokozo ukuthi namhlanje sithole leli thuba lokuthi njengoMnyango wezokuThutha noHulumeni waKwaZulu-Natal sihlangane nomphakathi walapha eMlalazi ikakhulukazi esizweni saKwaKhoza emcimbini walolu hlobo.

Namhlanje wusuku lokuthi sizobongela umphakathi walapha sithi halala ngentuthuko eqhubekayo kule ngxenye yesifundazwe.

Lo mcimbi wanamhlanje uyingxenye yeminye eminingi esihlale siyenza njengoHulumeni, hhayi nje ngezikhathi ezithile kuphela mhlambe uma kunokhetho, kodwa kusuka kuqala unyaka wezimali ngo-April kuya ekupheleni kwawo ngoMarch.

Kule micimbi sisuke siya kubantu ukuze sibachazele ngemisebenzi esesiyenzile, nesiyenzayo njengamanje naleyo esizoyenza emiphakathini yakithini.

Kodwa futhi nakumina njengoMphathiswa omusha kulo Mnyango, kubalulekile ukuba ngihambele imiphakathi ngibheke nokuthi ihamba kanjani imisebenzi esazibophezela kuyona njengoMnyango eminyakeni edlule kodwa engakapheli manje. Ngokunjalo nami bese ngethula imisebenzi emisha ezokwenziwa kusuka manje kuya phambili.

Njengoba ngingene ekuqaleni kukaJune nje, kumele zithi ziphela izinsuku ezilikhulu ekuqaleni kukaSeptember ngibe sengikwazi ukubikela uNdunankulu ukuthi sengenzeni ukushintsha izimpilo zabantu bakithi.

Njengoba silapha nje eMlalazi namhlanje, izolo besiseDumbe, kuthangi sasiseNkandla ngemuva kokuba sibe seMandeni ngoLwesibili. Ngaphambi kwalokho bese siye eDannhauser, saya eMtshezi, eMsinga naKwaDukuza ngayo imicimbi efanayo.

Njengoba sazi-ke ukuthi isifundazwe sethu sinezindawo eziningi zasemakhaya lo hulumeni oholwa yi-ANC otshale izigidigidi zamarandi kwingqalasizinda yakhona, kusho ukuthi angikwazi nokho ukuhambela zonke izindawo ngesikhathi esincane. Ngakho-ke kuyajabulisa ukuthi ngilitholile ithuba lokuba lapha.

Siyazi nokuthi abantu baseShowe bawuthanda kanjani lo hulumeni, okuyinto esiyibonga kakhulu.

Kubalulekile-ke uma sikule micimbi ukuba sifundisane ngezinhlelo ezibalulekile zalo hulumeni. Nalapha-ke ngifisa ukuqala ngokuchaza lapha ukuthi inhlangano ebusayo kaKhongolose iqhamuke nohlelo lokuthuthukisa isizwe, esilubiza ngeNational Development Plan (NDP), lapho ukuthuthukiswa kwengqalasizinda kungenye yezinto ezihamba phambili kulona.

Lolu wuhlelo abahlaziyi abaningi asebeluncome kakhulu, bencoma noMengameli wezwe futhi onguMengameli we-ANC ubaba uJacob Zuma, uMsholozi, ngokuqhamuka nombono weminyaka engamashumi amabili. UMsholozi ne-ANC baqhamuke nombono oyogcina usebenzela isizukulwane esizayo – isikhathi abanye abaholi bamanje abayobe bengasekho nasemhlabeni. Lesi yisibonelo sokukhathalela abantu ngokweqiniso.

Lolu hlelo lwe-NDP nalo lusekeleke kuMthethosisekelo nomgomo wentando yabantu kulelizwe lapho kugcizelelwa khona ukuthi isisekelo sentuthuko ngukuba abantu babe nomgwaqo, amanzi nogesi.

Phela uma unalezi zinto zontathu usuke usunalezi zinto esithi zi-*basic* empilweni, yizona ezikuvulela indlela yokwenza noma yini engakuthuthukisa kwezomnotho nenhlalakahle jikelele.

Lokhu kusho ukuthi abantu basuke sebenelungelo elilinganayo lokungalingani, *equal right to be unequal*. Kusho ukuthi inkundla yokudlala isuke ilungele wonke umuntu bese kuba kuwena ukuthi uyadlala noma ufuna ukubukela abadlalayo.

Siyazi ukuthi kuningi okwenziwa abantu basemakhaya ukuziphilisa ngaphandle kokuthi baye emadolobheni amakhulu anezimboni ezinkulu. Kodwa njengoHulumeni kumele thina sakhe isimo lapho umuntu ezokwazi ukuzithuthukisa kulokho akwenzayo lapho ekhona. Lokhu sikwenza ngayo ingqalasizinda njengoba sengishilo.

Siyazi-ke futhi ukuthi nakuba abantu abaningi bewethemba uhulumeni kaKhongolose, kodwa kuyenzeka phela kwezinye izindawo abantu bazibambezele bona ngevoti labo – ikakhulukazi kohulumeni basekhaya ngokuthi bavotele abantu abangezofuna ukubambisana nathi esifundazweni uma sifuna ukuletha intuthuko.

Kuyenzeka kwezinye izindawo kube nabaholi abathi uma siletha intuthuko senza ngoba sifuna amavoti - besho kwenye inkathi kungekho nokhetho oluzokuba khona. Lokhu kugcina sekwenza eminye imiphakathi ilibaziseke ezinhlelweni inhlangano kaKhongolose esithume ukuba sizilethe ukuze sishintshe izimpilo zabantu bakithi zibe ngcono.

Yingakho-ke njengoba kuza ukhetho nje, sithe wonke amakhansela kaKhongolose kumele aqinisekise ukuthi asebenzisana kakhulu neminyango kahulumeni ukuze kusheshiseke ukulethwa kwezidingo. Futhi siwabekele nomgomo wokuthi ahlale eya kubantu eyobachazela ngasekwenzile ezwe nokuthi bona abantu bathini.

Akusadingi-ke silokhu sigcizelela manje ukuthi amabhuloho nemigwaqo yikona okuyisisekelo sokwenza ngcono impilo yabantu bakithi. Sonke siyakuqonda ukuthi umgwaqo nebhuloho yizinto eziyigugu ngendlela eyisimanga kumuntu ongakaze ezwe ukuba lula kwempilo uma unako.

Ngakho-ke singuMnyango wezokuThutha egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal sithe masizokwethula uhlelo lokulungiswa komgwaqo uP135 osuzofakwa itiyela amakhilomitha angu-24.65 ubude kule ndawo.

Njengoba sesiwethula nje lo msebenzi womgwaqo, yingoba sesiyazi ukuthi imali esiyifake khona ingu-R306 million kanti nenkontileka ezokwakha ibisilinde ukuba senze lo mcimbi bese iyaqala. Sihlele ukuba uthathe iminyaka eyisithupha lo msebenzi.

Njengenjwayelo-ke, kuyasijabulisa futhi ukuthi kunamathuba emisebenzi avelayo njalo kubantu bendawo ngenkathi kuqhubeka umsebenzi wokwakha. Lapha nje abalelwa ngaphezulu kuka-250 amathuba esibheke ukuthi avele kubantu bendawo.

Siyazi ukuthi la mathuba esikhuluma ngawo kuba ngawesikhashana ngenkathi kwakhiwa, kodwa yiwona futhi asesize abantu abaningi ngamakhono agcina esebasiza uma sebefuna imisebenzi kwezinye izindawo.

Kanjalo nosonkontileka abancane bagcina sebenomlando abawuvezayo ngezinkampani zabo uma befuna eminye imisebenzi. Lapha nje sibeke ingxenye engu-30% wethenda ukuba unikwe osonkontileka abasafufusa.

Kuzosebenza osonkontileka:

- abangu-46 ku-Grade 1;
- abangu-28 ku-Grade 2;
- abangu-14 ku-Grade 3;
- abane ku-Grade 4;
- abathathu ku-Grade 5;
- nabathathu futhi ku-Grade 6.

Siyajabula futhi ukuthi kukhona nama-learneship ngaphansi kohlelo lweNational Youth Service (NYS) azolekelela abafundayo ukuba baqede u-NQF Level 3 (iNational Certificate Road Work Construction). Bangamashumi amabili (20) abafundi esilindele ukuba bahlomule lapha.

Sifisa ukubongela umphakathi waKwaKhoza ozosizakala ngalolu hlelo lomgwaqo. Sibongela abafundi abazosizakala uma beya ezikoleni KwaJazi Primary School, eMfihlo Primary School, ePhinduli High School, eVelamuva High School, eMehlwana Primary School, naseThafeni Primary School. Amalungu omphakathi azosizakala uma eya ezikhungweni njengaseNkantolo yesizwe KwaKhoza, esibhedlela iCatherine Booth nasePolice Station eShowe.

Ngempela asimile siyaqhuba!

Ngithi siyaqhuba ngoba njengoba ngishilo ukuthi okunye engikwenzayo ngukubheka ukuthi ihamba kanjani imisebenzi eqalwe uMnyango kule minyaka edlule, sekungithokozisile futhi ukuzibonela umsebenzi osuwenziwe emgwaqeni uP230 phakathi kweShowe neMpangeni.

Kulo mgwaqo ongu-31.3 km ubude sifake imali engu-R310.45 million. Siyajabula kakhulu ukuthi lo mgwaqo osuthathe iminyaka elishumi njengamanje sesiqedela ikhilomitha lokugcina elizophela kulo nyaka.

Sifisa ukuphinda sibonge nalapha ngomsebenzi omuhle owenziwe ngosonkontileka abasafufusa kulo mgwaqo. Umsebenzi wabo besiwuhlukanise waya:

- kwabangu-57 ku-Grade 1;
- abathathu ku-Grade 2;
- abathathu ku-Grade 3;
- abayisithupha ku-Grade 4;
- nabane ku-Grade 5.

Akhona namanye ama-project aqhubekayo ebesingeke siwahambele namhlanje lapha eMlalazi njengoba ngike ngasho ukuthi isikhathi besingeke sivume. Phakathi kwawo singabala umgwaqo u**Main Road P218/P710** osuka eNtumeni ubheke eSundumbili. Lo mgwaqo ungu-47 kilometres kanti imali esiyifake khona ingu-R546 million. Amakhilomitha angu-24 asephelile kulo mgwaqo kanti silindele ukuthi angu-23 abe esephelile ngonyaka ka-2019.

Bese kuba u-D883 eNdulinde ozodla u-R208 million. Lo mgwaqo ongu-23 kilometres uhlanganisa izifunda ezimbili okuyiLembe ohlangothini lwaseMandeni noThungulu ngapha eMlalazi. Umsebenzi wangasohlangothini lwaseMlalazi siwuqale ngonyaka odlule ngemuva kowangaseMandeni.

Njengamanje sigculisekile ngezincazelo esizitholayo mayelana nokuqhubeka kwemisebenzi esiyenzayo lapha eMlalazi.

Siyabonga futhi nakunina mphakathi enilokhu nisibekezelela ngenkathi sisenza imizamo yokuletha lezi zinhlelo zentuthuko yomgwaqo.

Uma sibheka isifunda sasoThungulu sonke nje, imali esiyihlelele imisebenzi emikhulu yengqalasizinda kulo nyaka ozayo ingu-R780 million kule minyaka emithathu yezimali.

Ama-project esiyifake kuwona le mali:

- u-P16 osuka eKranskop uye eNquthu udlula eNkandla esifake kuwona u-R2.67 billion. Lo mgwaqo mude kakhulu okusho ukuthi uzothatha isikhashana eside impela ukuba uphothulwe okungaphezulu kweminyaka eyishumi;
- Kukhona u-P90 phakathi kweNkandla naseQhudeni esiwakha ngo-R168 million;
- uL2379 eMthonjaneni ngo-R41 million;

- u-P499 KwaMbonambi ngo-R141 million;
- u-P232 KwaSokhulu eRichards Bay ngo-R233 million. Lo mgwaqo siwakha ngokubambisana nenkampani yemayini iRichards Bay Mineral (RBM) esebenza kulowa mphakathi, efake u-R30 million;
- u-D887 KwaDube eRichards Bay ngo-R145 million;
- Amabhuloho elezinyawo nelezimoto eMfule eNtambanana esiwakha ngo-R3.8 million no-R31 million ngokulandelana;
- Kanye no-P494 KwaMthethwa eRichards Bay esiwakha ngo-R194 million.

Siyazibophezela ukuthi sizolokhu senza okusemandleni ukulekelela abantu bakithi noma kuphi lapho bekhona. Sizwile nongoti besimo sezulu besho ukuthi njengoba bekunesomiso nje, manje sekumele silindele izimvula ezihambisana nezikhukhula.

Lokhu kusho inselelo enkulu kuthina esakha imigwaqo ngoba esikhundleni sokugxila ekwakheni imigwaqo emisha, kusho ukuthi kuzodingeka sibe nemali eningi futhi yokulungisa umonakalo odalwa izikhukhula emigwaqeni yethu.

Abanye babonile nje kumaTV kuleli sonto ukuthi kwenzekeni eningizimu yeTheku lapho kunemigwaqo enqamuke phakathi. Nakwezinye izindawo eziningi kwakheka imigodi edinga ukupheshwa ngemali eshisiwe.

Hhayike, uma ngingena kulolu daba olusematheni kulezinsuku, nami ngiyasho ngithi isiyobanjwa ngesithele nayo ngoLwesithathu mahlaka 3 August. Kuningi osekukhulunyiwe, abantu bakithi bezwile futhi babona, ngakho-ke sekukubona ukunquma ukuthi bakhetha bani ukuba abasebenzele enze izimpilo zabo zibe ngcono kule minyaka emihlanu ezayo.

Kodwa mina egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal oholwa nguNdunankulu uMhlonishwa uWillies Mchunu, ngiyaninxusa ukuba niphume ngobuningi niyosebenzisa ilungelo lenu nivote kahle nangobuhlakani.

Siyazi ukuthi indawo yaseMlalazi ingenye yalezo ukuncintisana kwamaqembu okusezingeni eliphezulu njengoba abavoti bakhona besahluleka ukucacisa udede ukuthi bafuna uMkhandlu uphathwe ngubani ngokugcwele.

Sigcina ngokuthi sonke masihloniphe umthethosisekelo nentando yeningi kungabikhona ukusabisana. Sithi njengomphakathi nezinhlaka zonke zomphakathi, masisukume silwe nobugebengu nezidakamizwa ezilimaza intsha nesizwe sethu.

Uma uKhongolose ethi ngalabo hulumeni basekhaya siqinisa amandla emiphakathi, usho ukuthi ngempela amandla akithina njengomphakathi ukushintsha izimpilo zethu, ngokusebenzisana noHulumeni.

Ngalawo mazwi sithi siyanihalalisela nonke sibonga ukuziphatha kahle kwenu kulo mcimbi omuhle kangaka.

**Ngiyabonga**